

HILLCREST HIGH SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (PI)

SEPTHEMBA 2018

MOTHER TONGUE



IBANGA LE-12

GRADE 12

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: AMAHORA AMA- 2

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-13

SEKUNGAWE MFUNDI !!!

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (40)
2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:
ISIQEPHU A: imizuzu engama-50
ISIQEPHU B: imizuzu engama-30
ISIQEPHU C: imizuzu engama-40

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBULO 1**

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (Okufundwayo)**UKUZIPHAKAMISA**

- 1 Ukuzithanda kubalulekile. Kukwenza ukwazi ukuhlukanisa phakathi kokuhle nokubi. Kunomehluko omkhulu phakathi kokuzithanda kanye nokuziphakamisa. Ziningi izinto ezenziwa umuntu oziphakamisayo. Okujwayelekile ukuzazi yena azibone engcono kakhulu kunabanye abantu. Ukhuluma angaqedi kulalelwe yena. Akabaniki abanye abantu ithuba lokuthi baphendule noma bakhulume. Inkulumo yakhe iqala ngo'mina' ngaso sonke isikhathi. Nakho lokho akukhulumayo kusuke kungazwakali.
- 2 Kujwayeleke ukuba akhulume ngendlela nohlobo lwezinto azigqokayo, akhulume ngendawo ahlala kuyo ibonakale sengathi **eyezimpunyela**. Izindawo azihambayo, abantu aphila nabo. Lokhu ukwenza ukuveza ukuthi ungcono kangakanani kunabanye abantu. Konke kuzungeza yena nempilo yakhe kuphela. Ngesikhathi ekhuluma engaqedi ezama ukuveza ukuthi wazi kangakanani yilapho kucaca kuthi bha ukuthi unenkinga yokufuna ukubukwa. Kuveza nokuthi ingqondo yakhe incane kangakanani.
- 3 Umuntu oziphakamisayo uyinkinga emsebenzini kuloyo ongumphathi noma imenenja yakhe. Lolu hlobo lomuntu aluphatheki, aliwuhloniphi umthetho wasemsebenzini. Emsebenzini abazi ukuthi bazokhuluma kanjani naye ngoba **uyindlovu kayiphikiswa**. Akavamisile ukwenza okwenziwa abanye, uphuma eceleni. Uyahluleka ukubona umehluko phakathi kwakhe nomphathi wakhe. Kufanele umuntu ongumsebenzi ezwe abaphathi bese enza yonke into ngesikhathi esifanele. Umuntu ophakeme wenza okuphambene nalokho. Akawenzi umsebenzi atshelwa wona. Kokunye uwenza sekudlule isikhathi. Okubi ukuthi ugcina esenza imisebenzi okungeyona eyakhe ngoba uzibona engaphezu kwabo bonke abantu.
- 4 Le nhlobo yomuntu oziphakamisayo uzibona kunguyena kuphela owaziyo futhi kungekho ongenza kangcono kunaye emsebenzini. Akakwazi futhi akafuni ukusebenzisana nabanye asebenza nabo. Ubona sengathi inkampani ayisebenzelayo angeke yenze kahle uma yena engekho. Ujwayele ukungabi nasinqe emsebenzini ngoba efuna ukubukwa. Konke lokhu ukwenza ngenxa yokuzibona engcono kakhulu, ehlaniphe ukudlula bonke abantu. Akayamukeli nemibono evela kwabanye abantu, uyibona ingenakho ukuhlakanipha.
- 5 Ezinye zezimpawu zomuntu oziphakamisa ngokweqile ukuthi uphila impilo engekho. Ujwayela **ukusenga ezimithiyo** ngezinto anazo noma akwazi ukuzenza engekho ombuzile. Lokhu kuyindlela yokwenza ukuthi labo bantu anabo bangambukeli phansi. Usuke engakwazi ukuthi lokhu yikhona okwenza abantu bambone sengathi akaphilile ekhanda. Amanga awaqambayo afana nokuthi yena wazana nabantu abasezikhundleni eziphakeme kanye nosomabhizinisi abakhulu. Okusuke kudide ukuthi le mpilo azibona eyiphila akakhulumi ngani ngayo kubantu abasezingeni elifana naleli azakhele lona.

- 6 Ucwangingo olwenziwa ngomuntu oziphakamisayo luveza ukuthi wenza izikweletu eziningi. Lezi zikweletu zenziwa ukuphila impilo esengqondweni yakhe aze agcine esefuna ukuyiphila. Unenhliziyi engaphandle. Akafuni ukusala ezintweni. Akubona komunye umuntu naye ufisa ukuba nakho, akaneliswa impilo yakhe. Ungena shi ezikweletini ngenxa yokuhudelana/ukuncintisana nabantu abasezingeni eliphakeme. Uma umakhelwane ethenga okuthize naye uyakuthenga noma engakudingi. Akakwazi ukuhalalisela omunye umuntu ngokuhle anakho. Uzama imali yokukuthenga. Ezinkundleni zokuxhumana ufaka izithombe zayo yonke into ngisho okungeyona eyakhe. Uhamba zonke izindawo ukuze afake izithombe zakhe ko-*facebook*, *instagram* kanye naku-*twitter*. Uba ngumlandeli wabantu abangosaziwayo.
- 7 Umthelela womuntu oziphakamisayo ukuzakhela izitha. Akathandeki ngenxa yakho ukuziphakamisa. Enjalo nje unenzondo nomona ngoba akakwazi ukuzikalela okulingene amandla akhe. Inkinga eyenza umuntu aziphakamise ukuba nesizungu ngoba akekho umuntu ofuna ukuzisondeza kuyena. Ngesikhathi eziphakamisa ulahlekelwa isithunzi nokuthandeka kubantu. Ugcina esebalekelwa abantu.
- 8 Ukuphila le mpilo yokuziphakamisa ngokweqile kuyisifo umuntu angazalwa naso. Lesi sifo sidalwa yizimo ezithile umuntu abhekana nazo ngesikhathi esakhula. Bakhona abaluleki abalapha lolu hlobo lomuntu ngoba kuhambisana nokuphazamiseka kwengqondo. Lesi sifo singenza umuntu agcine esezibulele ngoba esesaba ukuthi abantu bazogcina bazi konke ngala manga awaphilayo. Nawe ake uzibuze ukuthi uziphakamisa kangakanani kubantu.

[Umbhalo ocashunwe kwi-internet wase uhunyushwa]

- 1.1.1 Kubaluleke ngani ukuzithanda ngokwale ndaba? (1)
- 1.1.2 Ngokwesigaba sokuqala yiziphi izinto ezimbi ezenziwa umuntu oziphakamisayo. Bhala EZIMBILI (2)
- 1.1.3 Yikuphi akwenza ezinkundleni zokuxhumana ukuveza impilo yakhe engamanga? Bhala OKUBILI. (2)
- 1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.
Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lichaza...
- Akhulume ngendawo ahlala kuyo ibonakale sengathi **eyezimpunyela**.
- A Indawo ehlala abantu abahluphekayo.
B Indawo ehlala abantu abadala.
C Indawo ehlala abantu abanemali eningi.
D Indawo ehlala abantu abase basha. (1)
- 1.1.5 Ubaphatha kanjani abaphathi bakhe umuntu oziphakamisile emsebenzini? (2)
- 1.1.6 Abantu abanjani okuthiwa yizitha? (2)
- 1.1.7 Tomula umusho opholele esigabeni sesi-4 ositshela ukuthi akabi sendaweni eyodwa emsebenzini. (2)

- 1.1.8 Uwukhombisa kanjani umona wakhe umuntu oziphakamisile komakhelwane bakhe? (2)
- 1.1.9 Ngokwesigaba sesi-7 yisiphi isizathu sokuziphakamisa? (2)
- 1.1.10 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe kule misho elandelayo:
- (a) Emsebenzini **uyindlovu kayiphikiswa.** (2)
- (b) Ujwayela **ukusenga ezimithiyo** ngezinto anazo. (2)
- 1.1.11 Phawula ngesifundo esidluliswa umbhali ngale ndaba. (2)
- 1.1.12 Ngokucabanga kwakho lesi sifo sivela uma umuntu esemncane noma esemdala? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2 Bukisisa le sithombe bese uphendula imibuzo elandeyo.

UMBHALO B (Obukwayo)



[Sicashunwe ebhukwini IsiZulu Sethu-11]

- 1.2.1 Ngabe bakuphi laba abasesithombeni? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2.2 Bhala imidlalo EMIBILI oyibonayo esithombeni. (2)
- 1.2.3 Chaza okwenzeka esesithombeni ubhekise kule ntombazane ehlezi esihlalweni okunomuntu omdala phambi kwayo. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngezindlela zokulwa nesisindo esingafanele emzimbeni.

ngokudla ngendlela ezokwenza uphile kahle.

IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele, amagama owasebenzisile angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

UMBHALO C (Ofundwayo)**IZINDLELA ZOKULWA NESISINDO ESINGAFANELE EMZIMBENI**

Umuntu uyilokhu akudlayo. Kubalulekile ukuqaphela izinto ozidlayo ngoba isikhathi esiningi izifo zidalwa ukudla indlela esidla ngayo. Ukudla kubalulekile ngoba kusinika umdlandla kusenze futhi sikhule. Kufanele-ke sikuqaphele ngoba ezinye izinhlobo zilimaza imizimba yethu.

Ngaphambi kokuqala usuku kufanele uphuze inkomishi yamanzi afudumele anolamula zonke izinsuku. Umzimba udinga izinkomishizamanzi eziyi-8 ngosuku ukuze konke kusebenza kahle. Ingxenywe enkulu emzimbeni yakhiwe amanzi. Amanzi asiza nikuthi ungaphelelwa amndla futhi ahlanza (clean) nezitho zomzimba.

Kuyadingeka ukunyakazisa imizimba yethu. Ngaphambi kokuzivocavoca kufanele wazi isisindo namafutha adingwa umzimba wakho. Ukuzivocavoca nokuhamba imizuzu engama-60 kwenza ujuluke, lokhu bese kuba nomthelela omuhle wokunciphisa amafutha noshule owenza ukukhuluphala.

Kukhona iziphuzo ezinoshukela omningi ogcina wenza amaqoqo emzimbeni afana ne-cellulite. Ukugwema/ukuvimba ukuphuza utshwala, ijusi neziphuzo ezinoshukela omningi kubalulekile. Itiye eliluhlaza (green tea) nekhofi elimnyama kungcono kunalezi ziphuzo ezakha isisindo namafutha.

Ziningi izinhlobo zamafutha ezinye awo ziyingozi emzimbeni. Kudingeka usebenzise amafutha *i-olive oil* uma upheka. Abeluleki bokudla bathi *i-olive oil* ingcono ngoba inamakhlorizi amancane futhi ayifakwa kakhulu.

Isikhathi odla ngaso isidlo sasebusuku masibe ngaphambi kwehora lesi-7. Ukudla akugayeki ngokwanele uma umuntu edla ebusuku kakhulu. UKudla okungagayekile kahle kugcina kudala ukuqunjelwa (constipation)

Thenga ukudla okunezithako ezinoshukela omncane noma ezingenawo. Funda amalebula (labels) okudla okuthengayo.

Impilo iyashesha kanjalo nabantu bathenga ukudla okusheshayo (fast food). Kungcono ukuziphekela kunokudla ijanki.

[Umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU B:

10

ISIQHEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3**

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)**GCINA ISIKHUMBA SAKHO!****SIKHANGA!**

Isikhumba esinamafutha akulula ukusinakekela, kakhulukazi ehlobo kodwa i-Cuticura inemikhiqizo ezosiza isikhumba sakho uma sinamafutha ukuze sibukekeka kahle.

SEBENZISA I...

- Cuticura Oil
- Gel
- Toner
- neVanishing Cream

Vakashela noma yisiphi isitolo esiseduze ngakini uzibeke ethubeni lokuwina le mikhiqizo. Uzoba senhlanhleni yokuba yi-Ambassador yale "BRAND".

[sicashunwe kwiBONA kaDisemba 2017]

- 3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi? (1)
- 3.2 Bhala OKUBILI ongaba sethubeni lokukuthola ngokuthenga lesi sikhangisi. (2)
- 3.3 Ngabe igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lisebenze kanjani?
I-Cuticura inemikhiqizo ebiza **kancane**. (2)
- 3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.
Into eyisikhondlakhondla ichaza...?
A Ebusa kakhulu.
B Ebiza kakhulu.
C Ethandwa kakhulu.
D Enhle kakhulu. (1)
- 3.5 Tomula umusho osesikhangisweni ositshela ukuthi le mikhiqizo ayibizi imali enkulu. (2)
- 3.6 Ngokucabanga kwakho kubaluleke ngani ukusetshenziswa kwezithombe kulesi sikhangisi? (2)

[10]

UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)

Izinto zishubile kobaba kulesi sikhathi esiphila kuso mkami. Kuthiwa sesizovalwa ngokusemthethweni isithembu. Obaba badlala ngamakhosikazi abo. Bathatha amaningi bese behluleka ukowondla.

Hawu, myeni wami! Wena wathi awuzikholwa izinto ezibhalwa emaphepheni? Mina ngawuthumela igundane, ngangazi ukuthi awusoze wathatha omunye umfazi ngisaphila saka. Ngiyabonga ngokunginesa njengoba kungusuku lwabesifazane.



[www.googlepics.com]

- 4.1 Ithini indaba efundwa nguBhoza ephephandabeni? (1)
- 4.2 Tomula isenzukuthi enkulumweni yomkaBhoza bese usisebenzisa emshweni ozozakhela wona. (2)
- 4.3 Yini ekhombisa ukuthi iyamthusa uBhoza le ndaba ayifundayo? (2)
- 4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:
 Khetha igama elifanele ukugcwalisa isimo sokukhuluma esilandelayo:
 ----- awuthunyelwa gundane.
- A umthetho.
 B umbhede.
 C umendo.
 D umqamelo. (1)

- 1.5 Bhala ibizoqoqa elisenkulumweni kaBhoza elichaza amakhosikazi agane indoda eyodwa. (1)
- 1.6 Yini esitshela ukuthi uBhoza uyamondla unkosikazi wakhe ngokwasesithombeni? (1)
- 4.7 Kungabe UYAVUMELANA noma AYAPHIKISANA nokuthi uBhoza unesa umkakhe uma kungusuku lwabesifazane kuphela? Sekela impendulo yakho. (2)
- [10]

UMBUZO 5

- 5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

UMBHALO F (Ofundwayo)

“Abazali nothisha bethu bahlale besikhumbuza ukuthi thina siyikusasa lale lizwe. Ngelinye ilanga siyoliphatha le lizwe ngezindlela eziningi ezahlukenene. Abanye bethu bayoba ngosopolitiki, abanye ngodokotela abanye amalunga omphakathi olwisana nobugebengu nenhlalakahle yomphakathi. Ngike ngithule ngicabange iqhaza elihle engiyolibamba emphakathini nasezweni lakithi iNingizimu Afrika.

Uma sengibhekisisa izifundo engizifundayo kuyangicacela ukuthi kusamele ngisebenze kakhudlwana ukuze ngiphile impilo enjengeyosaziwayo. Abadala bathi ugotshwa usemanzi. Lokhu kuyangijabulisa ngoba kangikaze ngingene ezinkingeni ezikhalisaba abazali bami. Izinyembezi zomzali zimlethela amashwa umntwana osuke ephatha kabi abazali bakhe.

Sengikulungele ukuya kothola imfundo ephakeme nami ngenyuse **isibongo** sakithi ukuze sihlonipheke. Ngiyezwa ngezingqinamba ezisezikhungweni zemfundo ephakeme kodwa mina ngikhetha ukubalwa nalabo abangamaqhawe. Abayophuma nemiyeko yabo. Ngizosebenza kanzima.” kusho uNokuthula.

[Umbhalo wokuqambela]

- 5.1.1 Hlobo luni lwesakhi esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo? Izinyembezi zomzali zimlethela amashwa amabi umntwana (1)
- 5.1.2 Hlobo luni lwebizo elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo: Nami ngenyuse **isibongo** sakithi. (1)
- 5.1.3 Guqula ibizo elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo likhombe ubuncane/ isinciphiso Ngizophila **impilo** engiyifisayo. (1)

- 5.1.4 Phinda ubhale lo musho olandelayo ukhombisa ukuphika/ukulandula.
Izinyembezi zomzali zimlethela amashwa umtwana. (2)
- 5.1.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:
Hlobo luni lwesifengo oluqokethwe yilo musho olandelayo?
Kufanele ngisebenze ukuze ngiphile impilo emnandi njengoyasaziwayo.
A Isenzasamuntu.
B Isifaniso.
C Isingathekiso.
D Isifenyiso. (1)
- 5.1.5 Khetha isihlanganiso esifanele kulezi ezilandelayo bese uhlanganisa imisho elandelayo.
(noma, yize, ukuze)
UNokuthula usebenza kanzima. UNokuthula uyaphumelela. (2)
- 5.1.7 Lungisa igama elikubakaki ukuze umusho uzwakale kahle.
Kangikaze ngingene ezinkingeni (-khulu). (2)
- 5.1.8 Guqula igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo libe ongumnini bese ulisebenzisa emshweni ozozakhela wona.
Abazali (iNingizimu Afrika) basifundisa inhlonipho. (2)
- 5.1.9 Guqula umusho olandelayo ube yinkulamo-mbiko.
“Ngizosebenza kanzima,” kusho uNokuthula (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)

Hahaha! Thula ubuke ikhehla wena lenza elidume ngakho. Musa ukwanda ngomlomo. Ngiyaziwa ukuthi ngiyisikhokho somlabalala.

[www.googlepics.com]

5.2.1 Umkhulu kufanele ambize ngobani umfana ukukhombisa ukuthi uzalwa yindodana yakhe? (1)

5.2.2 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
5.2.1.1 Isikhokho.	A Ukukhuluma kakhulu.
5.2.2.2 Ukwanda ngomlomo.	B Ukungahlonishwa.
5.2.2.3 Ukwehla isithunzi.	C Ukwazi into kangcono.

(1X3)

5.2.3 Ngokucabanga kwakho banobudlelwane obunjani laba abasesithombeni? Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40

AMAMAKI ESEWONKE: 80